# UMNYANGO WEZOLIMO USEKHALENI LOKUTHUTHUKISA AMAKHONO ABANTU ABASHA


UNgqongqoshe womNyango wezoLimo ethwesa iziqu omunye wabafundi base-INkosi Owen Sithole College of Agrigriculture

**UMNYANGO** wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali usubeke eceleni imali engaphazulu kwezigidi ezine (R4million) ukuthuthukisa amakhono abantu abasha abasebenza ngezandla embonini yezolimo.

Lokhu kudalulwe nguMphathiswa walomnyango UNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yesabelomali sonyaka ka2025/26 esishayamthetho sesiFundazwe.

UMphathiswa udalule ukuthi ngalolu hlelo intsha izohlomula, njengoba kuzodaleka amathuba emisebenzi yezandla emapulazini kanye nasezikhungweni zocwaningo eMnyangweni, okubalwa kuzo iCedara, Bartlow,Makhathini, Dundee kanye ne Kokstad. Lezi zikhungongo zidlala indima enkulu embonini yezolimo njengoba imiphumela yocwaningo ithuthukisa ulwazi labalimi, ukubhekana nezimo ezifana nokuguquguquka kwesimo sezulu kanye nokuqapha umgodlagodla wokudla esiFundazweni.

Njengoba lwethulwa loluhlelo, uMnyango ubeke eqhulwini ukuqeqesha intsha emkhakheni yokukhenikha imishini kanye nokushisela ukuze izinsizakulima zihlale zikulungele ukusebenza futhi zinakekelekile, nomsebenzi uhlale uqhubeka.

"Somlomo ohloniphekile, ukushintsha izimpilo zabantu abasha kusenhlizweni yami, yingakho umNyango uphinde wabeka imali elinganiselwa ezigidini eziyisishagalombili (R8 million) ngenhloso yokucija ulwazi labafundi abangu 97 asebegogodile emkhakheni eyahlukahlukene.

Sizoqhubeka nokukhuthaza intsha ukuthi izibandakanye nezolimo, sizovula ithuba lokufakwa kwezicelo, senzele labo abanentshisekelo kanye nesifiso sokuqeqeshelwa ngokukhiqizwa kwemifino nezithelo kanye nemfuyo. Asebephothule lezizifundo bohlomula ngezitifiketi ezisesgabeni sa (NQF 2) no (NQF 3) ezingabawusizo mabefisa ukuqhubeka nezifundo zezolimo noma befuna ukusungula amabhizinisi ahweba ngezolimo okungadala amathuba emisebenzi.

Esikunxusa kakhulu ukuba intsha, abesifazane kanye nabaphila nokukhubazeka bangazithambisi, kodwa basukume bewabambe ngezandla zombili lamathuba avela kuhulumeni, basebenze ngokuzikhandla nangokubambisana ukuze sakhe imboni enekusasa eliqhakazile." Kubeka uMphathiswa wezolimo.


Ngakwesokunxele: uMnu J. Mngomezulu (HOM) kanye neNhloko yomNyango uMnu Z. Dlamini kwesokudla.



UNgqongqoshe womNyango wezoLimo uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa emcimbini wokugubha inyanga yabantu abasha eMpangeni.

# UHULUMENI WESIFUNDAZWE NOGANDAGANDA ABASHA CEKE

**NGENHLOSO** yokufeza umbono kaNdunankulu wesiFundazwe uMnu Thamsanqa Ntuli sokuba isiFundze sibehlaza ngemifino kanye nezithelo, umNyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya uzogxila ekweseni abalimi ngochungechunge lwezinhlelo esiFundazweni.

Ngenkathi ethula isabelomali sonyaka wezimali ka 2024/25 uMphathiswa wezoLimo UNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa wakubalula ukuthi umNyango uzokwandisa umkhiqizo wokudla esiFundazweni ngokuqinisa uxhaso olubheke kubalimi. Ngonyaka ophelile umNyango ububhekene nenselelo yokulima amahecter angu 7000, kepha umNyango udalule ngentokozo ukuthi kulinywe amahektha angu 7748 kwasizakala abalimi abasafufusa abalinganiselwa ku 13586.



UNdunankulu wesiFundazwe uMhlonishwa uThami Ntuli kanye noNgqogqoshe womNyango wezoLimo kanye nokuthuthukiswa kwemiphakathi yasemakhaya, uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa bethula ogandaganda abasha eCedara.

umNyango uthathe ithuba wabuyekeza waphinde waguqula uhlelo lokulimela abalimi ngenhloso yokuhlangabezana nengxenye yezinselelo ezibikwa abalimi. Ngaphansi kohlelo olubuyekeziwe abalimi bazolinyelwa ngogandaganda abaqashiwe kanye nabomNyango, baphinde behlomule ngezinsizakulima.

"kuyintokozo kimi ukusho ukuthi sethule ogandaganda abangamashumi amabili nane (24) esihlose ngabo ukuhlangabezana nezidingo zabalimi bakithi siphinde sibambe iqhaza elibonakalayo empini yokugcwalisa umgodlagodla wokudla KwaZulu-Natali.

Esikugqugquzela kakhulu ukusebenza ngokubambisana kwazo zonke izihlaka ezithintekayo odabeni lokuthuthukiswa kwemiphakathi yasemakhaya, kufukulwe abalimi abafufusayo, kudaleke amathuba emisebenzi sixoshe nendlala esizweni. Ukudlondlobala komnotho wasemakhaya ngezolimo kuyobe kufakazela ukusebenza kwethu ngokuzikhandla nangokuzimisela, kushinthe nezimpilo zabantu bakithi. "- Kubeka uNkk kaMadlopha-Mthethwa

UmNyango uthi njengoba lizokwethwasa ihlobo, kusondela isikhathi sokutshala ngakho ke intsha, abesifazane kanye nabaphila ngokukhubazeka mabengasali ngaphandle. Abalimi abasafufusa kanye nabahlali bonkana baziswa ukuba abafake izicelo zokuba yinxenye yohlelo lokulinyelwa nokuthola izinsizakutshala emahhovisi omNyango aseduze nabo okanye bexhumane nomlimisi wendawo.




ILANGA

THURSDAY, AUGUST 21-24, 2025 IPHEPHA LESIZWE PRICE: R6.80 incl VAT - KZN

# Kusolwa izinkinga zothando kumfundi waseDUT ozibulele

Bheka ekhasini 04

**Kuthiwa intombi yakhe ikhulelwe, kanti ubesanda kubikezela kubangani ukuthi uzozibulala**

## Ibhekwe ngabomvu eyezinkakha zikamaskandi


YIZINGQWELE zikamaskandi uThokozani Langa, uShwi Xaba no-Ali Mgube abazokhipha i-albhamu.
• **Bheka udaba ekhasini 03**

**Izingwazi zibona imvula yamagoli koweDowns nePirates**
Ekhasini 28

**WINA inyama nokheshi namuhla**

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
Inspiring New Hope

## OWEZOLIMO NEKHWELO LOKULWA NOBUBHA KWAZULU-NATALI



UNgqongqoshe womNyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa, ezibambele mathupha kwiMasibumbane Poverty Alleviation Project eyisibonelo esihle sokubambisana komama endaweni yase Melmoth.

LET'S MAKE AGRICULTURE FASHIONABLE
KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development @KZNDARD-YouTube @KZNDARD @kzndard www.kzndard.gov.za